Ungubani UJesu Kristu? (Ingxenye 2)

Kusekelwe esahlukweni 4 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala engosini ethi jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, hlola lokho okufundiswa iBhayibheli futhi ubone ukuthi ungazichaza kanjani izinkolelo zakho kwabanye.



INGABE UJESU UYALINGANA NONKULUNKULU?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Kungani abanye bengathi yebo?

Kungani abanye bengathi cha?

Yini *wena* oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

www.jw.org/zu © 2014 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

UJesu waba nesiqalo; UNkulunkulu akabanga naso.

(Bheka isahluko 4 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli* izigaba 10-12.)

Funda eyabaseKolose 1:15, 16.

Kungani kuphawuleka ukuthi iBhayibheli libiza uJesu ngokuthi “izibulo layo yonke *indalo”?*

Funda iHubo 90:2.

Ingabe uJehova uNkulunkulu waba naso isiqalo?



Uma kuwukuthi uJesu wayelingana noNkulunkulu, kungani athi uNkulunkulu unguBaba wakhe engashongo ukuthi ungumfowabo?

www.jw.org/zu © 2014 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

UJesu wafundisa ukuthi uNkulunkulu mkhulu kunaye.

(Bheka isahluko 4 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli* izigaba 12-14.)

Funda uJohane 14:28.

Ngokwalokho okushiwo ileli vesi, ingabe uJesu wayecabanga ukuthi uyalingana noNkulunkulu?

Funda uJohane 14:31.

Ngokuvuma ukuthi ulalela imiyalo kaNkulunkulu, uJesu wakwembula kanjani ukuthi akalingani noNkulunkulu?

Yini ekuqinisekisayo ukuthi uJesu akayena uNkulunkulu?

www.jw.org/zu © 2014 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

UJesu wehla evela ezulwini, ngakho kumelwe ukuba unguNkulunkulu.

UNGASE UPHENDULE . . .

Kuyiqiniso ukuthi uJesu wayephila ezulwini ngaphambi kokuba eze emhlabeni. Kodwa angikholelwa ukuthi lokho kumenza alingane noNkulunkulu, ngoba . . .

_____

_____

Imuphi umBhalo ongawufunda nalowo muntu?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

UMA UMUNTU ETHI . . .

UJesu wathi unguNkulunkulu.

UNGASE UPHENDULE . . .

Abantu abaningi bangase bavumelane nalokho okushoyo. Kodwa lokho mina engikukholelwayo kuhlukile, ngoba . . .

_____

_____

Imuphi umBhalo ongawufunda nalowo muntu?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

www.jw.org/zu © 2014 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania